

SPEECH BY KZN HEALTH MEC, NELISWA NKONYENI, ON THE
OCCASION OF THE BABY FRIENDLY INITIATIVE AWARDS
CEREMONY AT CAMPERDOWN.

25TH JANUARY 2008

Programme Director

Ndabezitha, Inkosi Mkhize

Mkhambathini Local Mayor, Cllr Maphumulo

Distinguished Guests,

Colleagues,

Friends and Members of the Community

All protocol observed

Sibingelela bonke abasebenzi bethu abangamele lomtholampilo wethu i Embo Community Health Centre. Namhlanje umkhankaso esihamba ngawo uphathelene nokubaluleka kokunceliswa kwabantwana ngaphansi kwesihloko esithi: **Breast is best.**

Ngifuna ukunazisa ukuthi khona nje ekuseni namhlanje siphuma esibhedlela I Greys Hospital lapha kade sibungaza khona ngezindondo sinikiza izibhedlela kanye nemitholampilo yethu ezuze i Baby Friendly Initiative Awards.

Lama Awards anikezwa imitholampilo kanye nezibhedlela ezihlolwe ngokubambisana nabe World Health Organisation kanye ne UNICEF kuqikelelwa ukuthi abantwana abazalwayo baphiwa ubisi lwebele kuphela.

Thina ke singuMnyango wezeMpilo sithi kuningi okuzuzwa umntwana uma ephiwa ubisi lwebele nje kuphela.

Mangiqale ngisho ukuthi kulesikhathi sobubha esiphila kuso, ubisi lwebele lutholakala mahhala, wonke umuntu wesifazane uyakwazi ukuzincelisela ingane yakhe.

Mangisho futhi ukuthi ukuncelisa umntwana kusondeza kakhulu umntwana kumzali wakhe ngaleyondlela ingane ikhula inothando kanye nokuphepha, *love and security*.

Kubalulekile futhi ukuthi sazi iqiniso lokuthi ubisi lwebele luvikela umntwana ezifweni izifana ne diarrhea kanye nalezo eziphathelene nokuphefumula, *acute respiratory infections*, two leading causes of infant death.

Ngokunjalo futhi, ubisi lukamama luqinisa i immune system nokwenza kube lula ukuthi imithi yokugoma isebenze lula umntwana asheshe avikeleke ezifweni ezihlaselayo.

Kusukela namhlanje masiyeke; sishiye phansi ukunikeza abantwana bethu amabhodlela, ama dummy kanye nama teats.

Umuntu osebenzayo onengane encane makafunde ukukhama ubisi ukuze laba abasele nayo bezokwazi ukuyiphuzisaso, *cup feeding is encouraged when a mother is unavailable to breastfeed*.

Okukhulu futhi esifuna nikwazi udaba lokuthi ingozi yokuthi igciwane lengculazi lidlulele kumntwana iyancipha uma

umntwana ephiwa ubisi lwebele nje kuphela isikhathi esiyizinyanga eziyisithupha zokuqala emhlabeni. *A mother who is HIV positive can breastfeed her baby exclusively for six months, therefore ensuring that the baby gets all the necessary nutrients and protection.*

Breast-milk every drop counts.

UMnyango wezeMpilo kulesifunda kusukela kulonyaka odlule uqhakambisa umkhankaso othi *investing in mothers and children secures a healthy nation.*

Lapha siqala ngokugquguzela ukuthi omama abazithwele bahambe imitholampilo, ante-natal classes.

Noma futhi abantwana sebezaliwe sifuna bahlale belethwa emitholampilo kuzohloliswa ukukhula kwabo. Labo abaneminyaka engaphansi kwemihlanu, omama babo sibanikeza ama *Road to Health Charts* achaza ngokukhulisa umntwana.

Nakulendawo yase Mkhambathini sizochaza ngazo lezihlelo kanye nalezo eziphathelene nokwazisa intsha mayelana ne reproductive health.

Kubalulekile ukuthi umphakathi uyihambe imitholampilo ngoba luningi usizo olutholakalayo. Thina sithi:

- Uma unezifo eziphathelene nocansi woza nothandana naye nizohlolwa bese nithola ukwelashwa.

- Uma usola ukuthi ukhulelwe yiza la-uzothola isiqiniseko kanye neziluleko.
- Wonke umuntu ofuna ukwazi isimo sakhe ngengculazi-uyathola ukuhlolwa kanye nokwelulekwa .
- Uma unomtwana, sithi mulethe ukuze azogonywa
- Uma unezinhlungu, ikhanda, isisu, isifuba musa ukumosha imali uye esibhedlela-Qala emtholampilo.
- Uma ugwaziwe, (ngingaphoxeka uma ngabe lokho keyenzeka kulendawo), kodwa-ke yiza la- ayanakekelwa amanxeba.

Yazi ke futhi ukuthi uMnyango wezempilo unomkhankaso wokugqugquzela ukuthi abantu baphile ngezindlela eziyizo, *promotion of healthy lifestyle*.

Lapha siyeluleka ukuthi amalunga omphakathi enze loku okulandelayo:

- Yiba yilunga leqembu elizivocavocayo-ibhola, i-volleyball, i-cricket – uwenamngazikethela.
- Yiba yilunga lamaqenjana aculayo, adansayo, kanye nalawa ashaya indlamu ukuze ungazitholi usezitaladini usufunda ukulahlekelwa isimilo.

- Ziphephise kulabantu abashushumbisa izidakamizwa kodwa bona bengazisebenzisi.
- Masigqugquzelane ukuba sibe nezivande emakhaya ukuze sizokhiqiza ukudla okunomsoco.
- Masivumelane ukuba ngamavolontiya emphakathini sise labo abaphathekile, singabacwasi futhi laba asebephila negciwane lengculazi.
- Masizigcine thina kanye namakhaya ethu sihlanzekile ukuze kuzogwemeka izifo ezingadingekile.
- Umtholampilo lo masiwuthande, owethu, siwuvikele, sikhuze uma sibona abantu bewucekela phansi. Noma ubona kunodoti phansi – ucoshe.
- Imitholampilo yethu masiyithande, ewethu, masiyivikele, sikhuze uma sibona abantu beyicekela phansi noba behlukumeza abasebenzi boMnyango.

Ukufika kwethu namhlanje lapha sifuna kwenze umehluko yingakho sihamba nabakwa Home Affairs, Social Welfare, SAPS kanye nabakwa SASSA. Abanezinkinga mayelana nempesheni; ukubhaliswa kwezingane ukuze zizothola amagrants; inkinga ngamapasi kanye nalabo abafuna usizo lwamaphoyisa bangaya lapha emathendeni bayothola usizo.

uMnyango wezeMpilo wona uphethe onesi kuma Mobile Clinic kanye nasemathendeni kukhishwa mahhala lolusizo olulandelayo:

- Rehabilitation Services
- Vision Screening
- Glucose Testing
- Blood Pressure
- Voluntary Counselling and Testing
- TB screening
- Breast and cervical cancer screening
- Nutrition assessment and Nutrition supplementation, as well as,
- Immunisation

Ngizophetha ngokwazisa uNdabezitha, iMeya kanye namalunga omphakathi ukuthi kume kuphi ngomtholampilo omusha, **Ezimwini Clinic**, eyacelwa ku Dr Zweli Mkhize ngonyaka ka 2003.

Lapha ngifuna ukuchaza ukuthi Umnyango wezeMisebenzi yoMphakathi wahluleka ukwakha lomtholampilo ngesikhathi esinqunyiwe kwaze kwaphoqeleka ukuthi siwuthathe lomsebenzi siwunikeze abakwa Ithala Bank ukuthi bawenze.

Kuzokhumbuleka ukuthi ngo 2003 lesakhiwo sabe sizodla imali engu R5 million. Manje sesilinde ukuvumelana nabakwa Ithala ukuthi kwenziwe nezinguquko ezizokwenza lomtholampilo ube naloku okulandelayo:

- Clinic with three consulting rooms
- 2 counselling rooms
- Treatment room with 2 beds
- Staff room
- Community room
- Big waiting area and sub waiting for VCT clients
- Public toilet block and
- Three double residential units.

Wonke ke lomsebenzi usubekelwe isamba sika R9 million kanti ke sekubambe ukuthi sivumelane nabakwa Ithala Bank ngalezinguquko.

Masibambisane

Amandla!!